

Isikweleti—Isinqumo Semihla Ngemihla



NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:

IHubo 37:21, Math. 4:3-10, Math. 6:33, Duter. 28:12, Izaga 13:11, Izaga 21:5, 2 Kor. 4:18.

Indimana Yekhanda:

“Nikani bonke okubafaneleyo: intela kofanele intela, inkokhiso kofanele inkokhiso, ukwesaba kofanele ukwesatshwa, udumo kofanele udumo. Ningabi nacala lani nakubani, kuphela elokuthandana; ngokuba othanda omunye uwugwalisile umthetho” (Roma 13:7).

Ngesinye isikhathi ungaba nenhlanhla yokuthola umuntu ongakwetsheleka imali. Mhlawumbe lowo muntu ukwetsheleka ngenhloso enhle—efuna ukukutakula enkingeni yezimali. Kodwa akuvamile ukuthi umuntu akutshelake imali ngoba eqhutshwa ubuhle behliziyo. Bakwetsheleka imali ngoba befuna ukuzuzwa kweyakho. Sidinga ukwenza konke okusemandleni ethu ukugwema isikweleti. Kuyiqiniso ukuthi phansi kwezinye izimo, njengokuthenga indlu noma imoto, ukwakha indlu yokukhonzela, noma ukufunda, kuyadingeka ukwetsheleka. Kodwa lokho akwenziwe ngokuhlakanipha okukhulu, ngenjongo yokuphuma esikweletini ngokushesha okukhulu. Asiqapheleni. Ukusebenzisa imali esingenayo yisango lokuthi abantu bakaNkulunkulu “benze ukufisa nothando lwengecebo yezwe kubuse ezimilweni zabo. Uma kusabusa lezimpawu, insindiso nomusa kuyahlehla.”—Ellen G. White, *Early Writings*, ikhasi 267.

Sidinga ukuthuthukisa amakhono ethu ukuze sihlale ngokuzikhuza, senze konke esingakwenza ukugwema isikweleti. Kuleliviki sizobuka okufundiswa yiBhayibheli maqondana nesikweleti.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ndasas 17.*

Ukwetsheleka Nokusebenzisa Imali

Abaprofethi noElisha babeyogawula izingodo ngasemfuleni iJordani ngesikhathi “ikhanda lembazo liwela emanzini. Omunye wabaprofethi wazikhalela ethi: “Maye, nkosi! Ibitshelakiwe” (2 AmaKhosi 6:5). Igama lokwenza elithi “ukwetsheleka” lisho ukusebenzisa ngemvume okuthile okungokomunye umuntu. Lemvume ihambisana nengcuphe nokuziphendulela. Imali eyetshelekiwe ayehlukile kunembazo etshelekiwe, ngaphandle kokuthi uma isetshenziswe budedengu, imiphumela ingashuba kakhulu. Okuyisona sizathu kuphela esenza sitshelake imali, ukuyisebenzisa. Okusibeka engcupheni ukuthi sithatha ngokuthi siyakwazi ukukhokha, nokuthi akukho lutho oluyosimangaza esikhathini esizayo. Kodwa ikusasa alaziwa (Umshumayeli 8:7); ngakhoke, ukwetsheleka imali kuhlale kuhambisana nesimo esiyingcuphe.

Zithini ngesikweleti lezindimana ezilandelayo?

IHubo 37:21 _____

Umshumayeli 5:5 _____

Duter. 28:44, 45 _____

Singatsheleka imali ngenjongo yokuyisebenzisa ngokuhlakanipha, kodwa isilingo sokusebenzisa lokho okusesandleni, noma kuyimali etshelekiwe, singaholela ezinkingeni ezinzima. Ukusebenzisa imali etshelekiwe kwenza abanengi bethu baphile ngezanga abangakwazi ukulikhokhela. Isilingo sokwetsheleka nokusebenzisa imali iyona-nto ephambili kulelisiko-mpilo loku lokuthenga elichaphazela izicebi nezimpofana. Uma silingeka, asifunde esikuhlinzekwe nguNkulunkulu (1 Kor. 10:13), ngoba ukwetsheleka kungaba yisiqalekiso (Duter. 28:43-45). Ungawuqala umkhuba omubi wokwetsheleka imali.

Uma sewuqalile vele, khokha ngokushesha okukhulu. Asifunde ukusebenzisa imali ngokuhlakanipha, sibe abaphathi bemali kaNkulunkulu, singabuswa yimali yezwe. Futhi-ke, zikhona izimo lapho siphokeka khona ukwetsheleka. Kodwa kufuneka kwenziwe ngokuqaphela nangenhloso yokukhokha yonke ngokushesha.

Yiziphi izingozi zakwamoya ezikhona kumuntu obanjwe esikweletini na?

Ubunceku Nokufuna Ukwaneliseka Njengamanje

“UJakobe wamupha u-Esawu isinkwa nokudla kwembumba; wadelela kanjalo u-Esawu ubuzibulo bakhe” (Gen. 25:34). U-Esawu wayengumuntu ongumzingeli owayenza lokho akuthandayo. Kwathi lapho ezwa ukunuka kamnandi kokudla okuphekwe umfowabo, wazifuna njengamanje lezondumba, yize noma kungabonakali ukuthi wayeseфа yindlala. Ebuswa yimizwa yakhe, wavumela isimo sengcindezi yangaleso sikhathi ukuba yehlule ukucabanga kwakhe, wathengisa ngobuzibulo bakhe ngenxa yokufuna ukwaneliseka kwangaleso sikhathi. Kuthe esebufuna ubuzibulo bakhe, “Noma ekufunisisa ngezinyembezi” (Heb. 12:17), akabutholanga.

Ngokuphikisanayo, sinesibonelo sikaJesu. Esezile izinsuku ezingu 40, esecishe woma yindlala, uJesu wazibona ngokusobala izilingo, nasebuthakathakeni bakhe akavumelanga ukufuna intokozo yaleso sikhathi. UJesu waphila impilo yaKhe yonke edela izinjabulo zesono nentokozo yesikhashana, kwathi ngokwenze njalo watshengisa ukuthi nathi singaba nawo amandla phezu kwesono. Akathengisanga ngobuzibulo baKhe, futhi akalahlakelwanga yibo. Umema bonke ukuba babe yizindlalifa kanye naYe (Rom. 8:17, Thithu 3:7). Sigcina ifa lethu ngokulandela isibonelo esasinikwa uJesu mhla wayelingwa (1 Kor. 10:13). Okuyikona okungcono ongasipha kona lomhlaba, ukuthola okwamanje, khona lapha ngoba awukwazi ukupha okwasemhlabeni ozayo. Ukuziphilela wena, kuphikisana nokuphilela uNkulunkulu.

Lezindimana ezilandelayo zifundisani ngezingu ezingase zibe khona ngenxa yokufuna intokozo yamanje, nakubantu abathembekile? 2 Sam. 11:2-4, Gen. 3:6, Filipi 3:19, 1 Johane 2:16, Rom. 8:8.

Isifiso sentokozo yaleso sikhathi iyinkomba yomqondo ongalawuleki; kuyisitha sokubekezela esicekela phansi imigomo yesikhathi eside, kulimaze ukuziphendulela kuyenze inhlekisa. Ukuhlehlisa intokozo umthetho esingawufunda; yikhono lokuphila elisisiza ukumelana nezimo eziyingcindezi, kakhulukazi isilingo esilethwa yizwe, njengokwetsheleka imali ngendlela engahlakaniphile. Lomqondo kodwa, awudumile emhlabeni okhuthaza ukuthola injabulo yamanje, izixazululo eziphuthumayo, nezinhlelo zokuceba ngokushesha. Uma sesikutholile ukwaneliseka okusheshayo, maningi amathuba okuthi siphinde sikhethe kanjalo futhi, nafuthi nafuthi... Izinceku zezipho zikaNkulunkulu azingaweli kulolo gibe.

Ukuphila Ngemali Onayo

“Kukhona ingcebo enxanelekayo namafutha endlini yohlakaniphileyo, kepha umuntu oyisiwula uyakugwinya” (Izaga 21:20). Lendimana iqhathanisa ubunceku obuhle ngezomnotho nokuphatha ngokusaphaza. Iziwula azihleli ukuze ziphile ngemali ezinayo. Zichitha imali ezinayo ngenxa yokuhaha, ngisho neyetshelekiwe, zibona ukuthi ukuzithiba ezimalini impilo enzima, njengokudla okungathandeki. Kodwa noma kunesidingo sokwetsheleka imali, njengeyokuthenga indlu, asikwenze lokho ngokuqaphela nokwazi ukuthi sidinga ukuphila ngemali esinayo.

Izicebi ziyakwazi ukuphila ngemali ezinayo ekucebeni kwazo. Inkinga yazo ukuthi zihlale zikhathazekile ngengebo yazo nokuyigcina ikhona. Uma abantu benokuncane kakhulu, bephila ngaleyo abayiholayo nyanga zonke, bayakhathazeka ngokuziphilisa, hhayi ingcebo. Noma kunjalo, iBhayibheli lisinika iziyalo mayelana nokuphila ngemali esinayo, kungakhathalekile ukuthi sinamalini. UPawulu uncoma lokho esingakubiza ngokuthi ukuphila impilo elula ngokweqile: “Kepha uma sinokudla nezambatho [okungahlanganisa nendlu], sizokwaneliswa yilokho” (1 Thim. 6:8). UPawulu akaboni impahla yasezweni ibaluleke kangako ngoba kuyena, ukuphila kuKrestu kwenele (Filipi 1:21).

Yimuphi umthetho esidinga ukuwukhumbula ngaphambi kwayo yonke into na? Math. 6:33. Singaqiniseka kanjani ukuthi iyona ndlela esiphila ngayo impilo yethu leyo?

Sidinga ukucabanga ngemali yethu njengensiza esinokuziphendulela ngayo, hhayi njengenzuzo. Ukuhlela izimali indlela esifanele ukuyisebenzisa ukuze sifeze lokhu. Ukuhlela izimali yikhono elifundekayo nelidinga ukufundisiswa kahle. Ukuzithiba kudingekile ukuze kube nempumelelo ekuphatheni uhlelo lwezimali (Izaga 14:15). Uma ukuzimisela kuloluhlelo lobunceku bezimali luphumelela, sizokwazi ukugwema amaphutha ahlazisayo ngasezimalini.

Uma unenkinga ngokuphatha izimali, enza uhlelo. Aludingi ukuba lukhuni. Lungaba lula; ukuhlanganisa zonke izindleko zakho zezinyanga ezimbalwa, bese uthola ukuthi zingakanani ezinyanga ngayinye. Okumqoka, ukuphila ngemali onayo, noma kanjani, wenze konke okusemandleni ukugwema isikweleti.

Funda kuLuka 14:27-30. Lapha uJesu utshengisa ukubiza kokuba umfundi ngesibonelo somakhi olinganisa izindleko zokwakha umbhoshongo, nalokho okwenzeka uma engasakwazi ukuwuqeda. Singafunda sifundo sini lapho ngobunceku?

Ukuthi “Cha” Esikweletini

Funda kuDuteronomi 28:12. Lokhu kusifundisani ngokushona esikweletini? Sibona mthetho muni usebenza lapha na?

Kuwumqondo omuhle ukugwema isikweletini kangangoba unakho. IBhayibheli alisikhuthazi ukuba yizibambiso zezikweletini zabanye Izaga 17:18, 22:26). Isikweletini sisebenzisa imali yekusasa, sinciphelele ukuba sithobele izimfuno zaso ebuthakathakeni bethu. Yithonya elibushelelezi amaKrestu akuthola kulukhuni ukulungqaba nokulisebenzisa kahle. Isikweletini asisibi kangako, kodwa asikuqinisi ukukholwa kwethu. “Kudingeka sifunde ukonga kakhulu, kungenjalo kuzokuba khona ukucwila esikweletini. Hlala ngaphakathi kwemingcele. Gwema ukungena esikweletini sengathi ugwema isilephero.”—Ellen G. White, *Counsels on Stewardship*, ikhasi 272. Isikweletini singaba ubugqila bezimali okusenza “izigqila zalabo abasitshelakayo” (Izaga 22:7). Ngenxa yokuthi isikweletini sithandelene kangaka nezomnotho, sesisithatha njengento efanelekile. Angithi vele, kukhona izizwe eziphila ngesikweletini; pho abantu bebezoyekelani bona? Akusiwo umqondo ophusile lowo.

“Enza isivumelwano noNkulunkulu sokuthi ngokubusiswa uYena, uzokhokha izikweletini zakho bese ungakweletini muntu noma yini, noma kungadingeka ukuthi uphile ngephalishi nesinkwa. Kulula kabi ukulungisa ukudla okuzobiza amasenti athe ukuthi xaxa kancane ngenxa yezibiliboco ezenezelwe. Nakekela amasenti, amadola azozinakekela. Yizindibilishi lapha nezindibilishi laphaya ezichithwa kulokhu nakulokhuya, eziphenduka amadola. Zithibe manje usavinjezelwe yizikweletini...Ungaphuthi, ungapheli amandla, ungabheki emuva. Zikhuze ekuthandeni okumnandi, onga amasenti akho ukhokhe izikweletini. Zikhokhe ngokushesha onakho. Uma usukhululekile futhi, ungasakweletini muntu lutho, uzobe unqobe ukunqoba okukhulu.”—Ellen G. White, *Counsels on Stewardship*, ikhasi 257. Isikweletini yisisekelo esibuthakathaka sokuthi amaKrestu angema kuso. Singalimaza amava ethu okukholwa, sichaphazele nokwesekela kwethu umsebenzi kaNkulunkulu. Sisiphuca amandla okusiza abanye ngokuzethemba, kusithathele amathuba okuthola izibusiso zikaNkulunkulu.

Yiziphi ezinye izindlela ongakhetha ngazo khona manje ezingakusiza ugweme isikweletini esingadingekile? Yiziphi izinto ongadinga ukuzincisha zona ukuze uhlukane nesikweletini?

Ukongga Nokuzibekelela

Izintuthwane ziyasebenza zibekelela ukudla kwasebusika (Izaga 6:6-8). Kungasisiza ukuqaphela izindlela zazo uma ngaso sonke isikhathi songela izidingo ezithile. Okubalulekile ekongeni ukuba nemali esizophila ngayo noma izidingo esikhundleni sokusaphaza noma ukunqwabelana esikuzuzayo. Ukuphatha kahle imali kudinga ukuhlakanipha, ukuhlela, nokuzithiba. Uma songela ukuzisiza thina kuphela, siphanga impahla kaNkulunkulu esikhundleni sokuba yizinceku zayo. “Imali esetshenziswe ngokungadingekile ukulahlekelwa okuphindwe kabili. Akusikho-nje ukuthi ihambile, kodwa namandla ayo okuzala ahambile. Ukuba besiyibekela eceleni, ngabe iyanda emhlabeni ngokongiwa, noma ezulwini ngokupha...Ukongga ukuzithiba okwakha ukubusa phezu kwemali. Esikhundleni sokuvumela imali isiyise noma kuphi lapho izifiso zethu zisho khona, ithina esiyilawulayo.”—Randy C. Alcorn, *Money, Possessions and Eternity* (Carol Stream: Illionois, Tyndale House Publishers, 2003), ikhasi 328.

Funda iZaga 13:11, iZaga 21:5, neZaga 13:18. Yimaphi amazwi lapha angasisiza ukubhekana kangcono nezezimali na?

Izinceku zongela izidingo zemindeni, zibekela ezulwini ngokuphatha kahle impahla kaNkulunkulu. Akuyi ngokuthi umuntu unokungakanani, kodwa ukuba nohlelo lweBhayibheli lokuphatha noma ngabe isimo sakho sezimali sithini. Ukongela izidingo zomndeni kudinga ukwenziwa ngobuhlakani. Ukuze unciphise izindleko, sabalalisa ukubekela kwakho (Umshumayeli 11:1, 2). Ukunciphisa ingcuphe yokulahlekelwa ngalendlela ngaphambi kwezimfuno zakho (Izaga 24:27) bese ufuna iziyalo kwabanye abanolwazi lobuchwepheshe (Izaga 15:22) amathuluzi amabili anempumelelo. Uma kuhlangatshewana nezidingo, nomnotho ukhula, “womkhumbula uJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba nguyena okupha amandla okuzuza imfuyo” (Duter. 8:18). Okuyiyona ndlela yokuzibekela ephethe kunazo zonke encekwini kaNkulunkulu ukuzibekela “embusweni wezulu” (Math. 13:44). Ayikho inzikamnotho, ayikho ingcuphe yokulahlekelwa, amasela, noma ukwehla kwezimakethe. Kufana nokuba nesikhwama semali esingasoze saguga (Luka 12:33). Ukwamukela uKrestu kuvula i-akhawunti, ukubuyisa okweshumi nokunikela ukwenza i-deposit. Noma kungaba ngakanani esifuna ukukukhokhela lapha emhlabeni njengokukhokhela izikwelethi, sidinga ukugxilisa imiqondo yethu emaqinisweni aphakade.

Funda ku 2 Korinte 4:18. Singaligcina kanjani phambi kwamehlo ethu njalo leliqiniso khona manjalo siphila njengezinceku ezinokuziphendulela na?

Ukujula Nomcabango: Ikhono ngalinye, ubuchwepheshe, noma isipho, sivela kuNkulunkulu, noma sazalwa naso, sasifunda, noma kokubili. Okubalulekile ukuthi senzani ngamakhono nolwazi esinawo. UNkulunkulu ulindele ukuthi izinceku zifunde ukulawula amakhono azo nolwazi ngokufunda namava (Umshumayeli 10:10). UBesaleli wayegcwaliswe “nguMoya kaNkulunkulu, ngokuhlakanipha nangokuqonda, nangokwazi nangamandla emisebenzini yonke” (Eks. 35:31). Yena no Aholiyabe (Eks. 35:34) babenekhono lokufundisa abanye umsebenzi wabo. Singafunda ukuba yizinceku ezingcono nokwehlukana nesikweleti siphila emhlabeni onake okwasezweni. Asiqhubeke sithuthukise amakhono ethu ngokufunda izincwadi, ukuya esikoleni nase (uma kwenzeka) nokuya ezikhungweni, ekugcineni sikusebenzise lokho esikufundile. Ukukhulisa amakhono ethu kusenza sinikele kuNkulunkulu okungcono kwethu, futhi sibe yizinceku ezinhle. Umfanekiso wamathalente utshengisa ukuthi zonke izinceku zamukela amathalente “ ‘njengamandla azo’ ” (Math. 25:15). Izinceku ezimbili zawaphindaphinda kabili amathalente azo; eyesithathu yaligqiba emhlabathini elayo. Sidinga ukulokhu sithuthukisa lokho esinakho, kodwa ukugqiba ithalente akutshengisanga ikhono noma ukwazi. Ukuphatha kahle imali, uphume esikweletini, ukufunda ukuzithiba, kanye namava, kwakha amakhono abusiswe nguNkulunkulu. Ukuze uphumelele futhi ukwazi ukwenza izinto kahle, udinga ukuyenza njalo njalo leyonto. “Njengoba izifundo zeBhayibheli zifakwa empilweni yansuku zonke, ziba nomthelela ojulile nohlala njalo esimilweni. Wazifunda futhi waziphila lezifundo uThimothewu. Wayengenawo amathalente akhethekile okuhlakanipha, kodwa umsebenzi wakhe wawuyigugu ngoba wasebenzisela amakhono awaphiwe nguNkulunkulu ekukhonzeni iNkosi.”—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, ikhasi 205.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Nakuba ukuzithiba kuyohlale kubalulekile kumuntu ongumKrestu, kubaluleke nangaphezulu uma ukungazithibi kuholela ezinkingeni zezimali noma ekucwileni. Singenzani njengebandla ukusiza labo abasengozini yalenkinga na?
2. Funda kumaRoma 13:7, 8. Singawasebenzisa kanjani lamazwi ekuphileni kwethu kwansuku zonke ekuxhumaneni kwethu nabanye abantu na?
3. Abanye bathi asingazihluphi mayelana nokucwila ezikweletini ngoba uJesu uyabuya masinyane. Ungaphendula uthini kulokho?